



ISIQEPHU SABEZINDABA

Abezindaba baseNingizimu Afrika bayamenya ukuba bangenele umncintiswano wabezindaba i-SADC *Media Awards* wangowezi-2022.

Umncintiswano we-SADC *Media Awards* uvuleleke kwizintatheli eziqhamuka Emazweni Athuthukayo aseNingizimu ne-Afrika. Abahlomule umklomelo wokuqala bazothola imiklomelo yabo kanye nezitifiketi emaphethelweni eNgqungquethela yeziNhloko zoMbuso noHulumeni be-SADC yama-42.

Imiklomelo Yabezindaba ye-SADC yasungulwa ngowe-1996 ukuqhakambisa umsebenzi omuhle kakhulu wabezindaba ekusabalaliseni ulwazi nge-SADC ukuze kuzokwesekwa inqubo yokusebenza ngokubambisana nokuhlangana kwisifunda. Odle umhlanganiso kuleso naleso sigaba uthola izi-\$2 500 bese kuthi ophume isibili uthola i-\$1 000.

Ukugqugquzelu ukuhlangana nokusebenzisana kwisifunda (ngezindaba zamazwe angaphandle), imiklomelo ihlose ukuqhakambisa umsebenzi omuhle kakhulu kwezobuntatheli emkhakheni wezindaba ezibhalwe kumaphephandaba, izithombe, umabonakude, umsakazo kanjalo nokugqugquzelu abezindaba kula mazwe ukuthi babike ngezindaba ezithinta isifunda.

Izintatheli ezifisa ukungenela umncintiswano zingathola imininingwane kumawebhusayithi www.sadc.int kanye www.gcis.gov.za.

Amafomu kanye nemithetho yomncintiswano wangowezi-2022 kungatholakala uma ucofoza lapha ngezansi:

<https://www.gcis.gov.za/newsroom/media-releases/launch-2022-sadc-media-awards-competition>

Amafomu okungenela angathunyelwa ngeposi noma ahanjiswe mathupha kunoma iliphi ihhovisi le-MDDA noma le-GCIS ezweni lonke abhalwe ukuthi:

MDDA
SADC Media Awards Entry

noma

GCIS Offices
SADC Media Awards Entry

MDDA – 1ST Floor
5 St Davids Place
Parktown, Johannesburg
2193

Government Communications
1035 Francis Baard Street
Hatfield, Pretoria
0028

**Wonke amafomu okungenela kumele athunyelwe ungakadluli umhla wama-28
kuNhlanja 2022.**

Ngemibuzo, sicela uxhumane no:

Mnu. Ayanda Hollow
Ucingo: +27 61 488 0634

Nks. Mmemme Mogotsi
Ucingo: +27 72 856 4288

**IKHISHWE UPHIKO LOHLELO LUKAHULUMENI LWEZOKUXHUMANA
NOKUDLULISWA KOLWAZI (I-GCIS)**